



It starts with a story...

Stories are not only for bedtime!

Do you read to your children regularly? Many parents who read to their children do this as part of their children's bedtime routine. They cuddle up to their children and read a story or two before its time for their children to drift off to dreamland. Bedtime stories are an easy way of helping your children to relax at the end of a busy day. The bonus is that while you are reading to your children, you are also developing their understanding of how books and stories work, and so you're making it easier for them to learn to read.

But bedtime is not the only story time available to us! There are plenty of other opportunities for us to weave stories into our children's daily lives. Arabella Koopman, from Nal'ibali, shares two examples from her own life.

“As a young child, I was an extremely slow eater. At supper time, everyone else would have finished their meal, but I would only be about half-way through mine! My parents used to nag me to eat, but it didn't really make any difference.

Then one day, my father invented a character called Timothy Topkin and made up stories about him as a way of getting me to eat quicker! This is how it worked: while I kept eating, the latest adventure featuring Timothy and his friends continued. As soon as I stopped eating, the story would stop too. I loved Timothy Topkin and so I kept eating steadily. Problem solved!

Then later in life when I was a parent, I had a toddler who refused to get out of the bath – she always wanted to play in the water some more! Bath time would always end in tears, so I was looking for a way to change this. Stories came to my rescue! Every bath time, after my daughter had played in the water for a while, I would tell her it was story time. I would start reading her a storybook until I got about halfway through and then she would have to get out of the bath for the story to continue. She always did this happily and every evening we completed the story with her sitting on my lap wrapped in a towel.”

Whether you use stories as a way of relaxing your children, or to get them to do something they don't really want to do, or to pass the time while you wait for an appointment, your children are learning that reading and listening to stories feels good. And it is this that helps to make them lifelong readers. So, go on, share stories anywhere and any time!



Izindaba akuzona ezangesikhathi sokulala kuphela!

Ngabe ude uzifundela njalo izingane zakho? Abazali abaningi abafundela izingane zabo benza lokhu njengengxenywe yohlelo lwezingane zabo lwangesikhathi sokulala. Bagona izingane zabo bese bezifundela indaba noma izindaba ezimbili ngaphambi kwesikhathi sokuba izingane zabo ziye kwelamaphupho. Izindaba ezifundwa ngesikhathi sokulala ziyindlela elula yokwenza izingane zakho zikhululeke kanye neyokuphetha usuku olumatasa. Ibansela ukuthi ngesikhathi ufundela izingane zakho, uthuthukisa futhi nokuqonda kwazo ukuthi zisebenza kanjani izincwadi kanye nezindaba, ngakho-ke wenza kube lula ukuthi zifunde ukufunda okubhaliwe.

Kodwa isikhathi sokulala akusona kuphela isikhathi sezindaba esinaso! Sinamanye amathuba amaningi okwenza izindaba zibe yingxenywe yezimpilo zezingane zethu zansuku zonke. U-Arabella Koopman, ovela kwaNal'ibali, wabelana nathi ngezibonelo ezimbili eziithathelwe empilweni yakhe.

“Ngiseyintombazanyana, ngangidla kancane ngokwedlulele. Ngesikhathi sesidlo sakusihlwa, babeqeda bonke ukudla, kodwa mina ngibe ngisalelwe uhhafu wokudla kwami! Abazali bami babehlale bengcenga ukuthi ngidle, kodwa lokhu kwakungenzi mehluko neze.

Kwathi ngolunye usuku ubaba wenza umlingiswa obizwa ngokuthi uTimothy Topkin. Wabuye waziqambela izindaba ngaye ezama ukungenza ukuthi ngidle ngisheshise! Kwakusebenza kanje lokhu: ngesikhathi ngiqhubeka nokudla, kwakuqhubeka indaba entsha ngezigigaba zikaTimothy kanye nabangani bakhe. Lapho ngiyeka ukudla, indaba yayima nayo futhi. Ngangimthanda uTimothy Topkin ngakho ngangiqhubeka nokudla ngithi ukusheshisa kancane. Yasombululeka kanjalo-ke inkinga!

Ekuhambeni kweminyaka lapho sengingumzali, nganginomntwana ocatulayo owayengafuni ukuphuma ebhavinini – wayehlale efuna ukudlala emanzini isikhathi esijana! Isikhathi sokugeza sasahlale siphela ngezinyembezi, ngakho-ke ngangifuna indlela yokukuguqula lokhu. Ngasizwa yizindaba! Njalo ngesikhathi sokugeza, ngemva kokuba indodakazi yami seyidlale emanzini isikhashana, ngangiyishela ukuthi sekuyisikhathi sezindaba. Lo mntwana ngangiqala ukumfundela indaba bese ngiyeka uma sengiphakathi nayo, kudingekile ukuthi aphume emanzini ukuze iqhubeka indaba. Wayehlale enza lokhu ngokuthokoza, kanti njalo kusihlwa sasiqedela indaba naye ehleli emathangeni ami esongwe ngethawula.”

Noma ngabe usebenzisa izindaba njengendlela yokwenza izingane zakho zikhululeke, noma ukuzenzisa into ezingafuni ngempela ukuyenza, noma ukuqhuba isikhathi ngenkathi ulinde okumele uhlangane naye, izingane zakho zifunda ukuthi ukufunda kanye nokulalela izindaba kuzwakala kamnandi. Futhi yilokhu okusiza ukuzenza ukuthi zibe ngabafundi impilo yazo yonke. Ngakho-ke, qhubeka nokwabelana nabanye ngezindaba noma yikuphi, noma kunini!



Drive your imagination

Story Power.

Bring it home.

Walethe ekhaya amandla endaba.



Story stars

The pavement bookworm

Philani Dladla grew up with big dreams in a small town in KwaZulu-Natal. Today he is known all over the world. Philani spoke to Nal'ibali about his passion for sharing the power of reading and told us how books have shaped his life.

What was the first book you owned?

It was a book about politics. It was written in English and meant for adults, so it was difficult for me to read because I spoke Zulu as my home language, and I was only 12 years old! But I loved it. It was given to me by the old man my mother worked for.

How did reading save your life?

Later on, I moved to Johannesburg to work. Things were going well for me, but then everything changed. I took drugs to fit in with my new friends and became addicted. In a short time, I lost everything I had worked for and was living on the streets. There I saw horrible things happen to the people around me, and it made me realise that my addiction would kill me. I decided I needed to save myself. I chose not to keep any money I got so that I couldn't buy drugs. Anything I got, I immediately spent on food ... and books. I read self-help books to deal with my addiction, but I also read novels and biographies.

How did you use books to earn money?

I started reviewing the books I read. Then I would stand along a busy road in Johannesburg and give my reviews to the motorists who passed by. If they liked the review, then they would buy the book from me. That is how I became known as "the pavement bookworm".

What happened next?

One day, a filmmaker interviewed me. He posted the video on the Internet and it went viral. It changed my life. Now people ask me to give talks about reading and books. I have become friends with authors, journalists and professors around the world.

Tell us about your reading club.

I run a reading club close to where I live. It is called Book Readers' Club. Children from the area come here to get together and enjoy sharing books and stories.

Why is reading important?

Reading is a weapon to fight social challenges. If you read, you think.



Philani Dladla

You can find out more about Philani on his website www.pavementbookworm.co.za.

Ungathola kabanzi ngoPhilani kusizindalwazi sakhe ku-www.pavementbookworm.co.za.



Abavelele ezindabeni

Umthandi-zincwadi okupheyivumente

UPhilani Dladla wakhulela edolabhaneni laKwaZulu-Natali. Namhlanje waziwa emhlabeni wonke. UPhilani uxoxisane noNal'ibali mayelana nothando lwakhe lokwabelana nabanye ngamandla okufunda futhi usixoxele nangokuthi izincwadi ziyibumbe kanjani impilo yakhe.

Iyiphi incwadi yokuqala owaba nayo?

Kwakuyincwadi emayelana nepolitiki. Yayibhalwe ngesiNgisi, ilungele abantu abadala, ngakho kwakunzima kimi ukuthi ngiyifunde ngoba ngangikhuluma isiZulu njengolimi lwami lwasekhaya, futhi ngangineminyaka eyi-12 kuphela! Kodwa ngangiyithanda. Ngangiyinikwe ikhehla umama ayelisebenzela.

Ukufunda kwayisindisa kanjani impilo yakho?

Ekuhambeni kwesikhathi, ngayosebenza eGoli. Izinto zazingihambela kahle, kodwa kwashintsha konke lokho. Ngangisebenzisa izidakamizwa ukuze ngemukeleke kubangani bami abasha, ngazithola sengingene shi kuzo. Akuphelanga sikhathi esingakanani, ngalahlekelwa yikho konke engangikusebenzele futhi ngase ngihlala emigwaqweni. Kulapho engabona khona izinto ezimbi zehlela abantu abaseduze nami, lokhu kwangenza ngabona ukuthi kuzongibulala ukuba yisigqili sezidakamizwa. Nganquma ukuthi kumele ngizisindise. Nganquma ukungahlali nginemali ukuze ngingakwazi ukuthenga izidakamizwa. Noma yimalini engangiyithola, ngangiyisebenzisela ukuthenga ukudla ... kanye nezincwadi. Ngangifunda izincwadi zokuzisiza ukuze ngilwe nokuba yisigqili sezidakamizwa, kodwa futhi ngangifunda namanoveli kanye nezindaba ezingomlando wabantu abathile.

Wazisebenzisa kanjani izincwadi ukuze uhole imali?

Ngaqala ukuhlaziya izincwadi engangizifunda. Ngangiyi ngime emigwaqweni ophithizelayo waseGoli bese nginikeza engikubhale ngihlaziya incwadi kubashayeli bezimoto kanye nabantu abadlulayo. Uma beyithandile indlela engihlaziye ngayo incwadi, babeye bethenge leyo ncwadi kimina. Ngaqala kanjalo-ke ukwaziwa "njengomthandi-zincwadi okupheyivumente".

Kwase kwenzekani emva kwalokho?

Ngelinye ilanga, owenza amafilimu wathwebula ingxoxo nami. Wafaka le vidiyo ku-inthanethi, yaduma kakhulu. Yayiguqula impilo yami. Manje abantu baye bangicele ukuthi ngikhulume ngokufunda kanye nezincwadi. Sengingumngani nababhali, izintatheli kanye nosolwazi emhlabeni wonke.

Sitshele ngethimba lakho lokufunda.

Ngiphethe ithimba lokufunda eduze nalapho ngihlala khona. Libizwa ngokuthi i-Book Readers' Club. Izingane zakule ndawo ziza lapha ukuze zihlanganyele ndawonye nokuthi zithokozele ukwabelana ngezincwadi nezindaba.

Kubaluleke ngani ukufunda?

Ukufunda kuyisikhali sokulwa nezinsalelo zehlalo. Uma ufunda, uyacabanga.

NAL'IBALI ON RADIO!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:
Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.
SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNAL'IBALI USEMSAKAZWENI!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali:
Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.
Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.



Drive your imagination



Get story active!

Here are some ideas for using the stories in this supplement. Choose the ones that best suit your children's ages and interests.

Nina and the funky experiment

This story is an extract from a South African children's novel. It is about something unexpected that happens one morning in Nina's home! Children from about 8 years old are most likely to enjoy the story, but younger children will enjoy doing the experiments below with them!



- Encourage your children to experiment with turning this story extract into a comic. Try to find examples of comic books and/or cartoons in newspapers and look at them together. Let your children draw their own pictures, use speech bubbles and a few introductory sentences to create their own comic!
- Suggest that your children continue the story after Tiaan has eaten baking soda instead of sugar on his cereal. What happens to him? What happens with Nina's experiment?
- Let your children try using baking soda (just like Nina planned to) in these simple experiments. They can be a bit messy so you might want to do them outside!
 - Bubble over: Put some baking soda in the bottom of a tall container, like a plastic cup or glass. Slowly pour in some vinegar and watch how the mixture bubbles over the top!
 - Fizzy ice: Fill an ice cube tray with vinegar and food colouring and put this in the freezer. When they are frozen, pop the ice cubes out onto a plate. Use a teaspoon to put some baking soda on top of each cube and then put a teaspoon of vinegar on top of that. Watch how the cubes fizz!

Dancing star


Dancing star is a story about a young boy who discovers his talent for dancing. It is best suited to children aged 3 to 8.



- As you read the story together, talk about some of these things.
 - Pages 2 and 3:** What do you think of the way the other children behaved towards Thando? What would you have done if you had been there?
 - Page 6:** How do you think the children at the dance class feel? How can you tell?
 - Pages 14 and 15:** How do you think Thando feels now? How can you tell? Do you think he enjoys dancing?
- After you have finished the story, ask your children: Which do you like best: running races or dancing? What other things do you enjoy doing? What are you good at?
- If you have access to the Internet, you and your children can watch videos of people doing the salsa, rumba and jive dances. Then, why not put on some music and try out some of the dance moves you saw?
- Encourage your children to draw a pictures of themselves doing something that they are good at. Suggest that they write something to go with their pictures.
- If you are using this story at a reading club, invite the children to act out the story.

Sunshine

This story is about Melisizwe, the canary he loved so much and the lesson she teaches him. Enjoy reading it aloud or retelling it, then discuss some of these questions with your children.



- What do you think Melisizwe learnt in the story?
- Why do you think he took the bird back to the forest? Would you have done that? Why or why not?
- Why do you think Melisizwe's mother did not tell him to set the bird free? What do you think of what she did instead?
- Do you think the canary loved Melisizwe? How do you know this?
- Do you think it is fair to keep birds in cages? Why or why not?

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nansi eminye imiqondo yokusebenzisa izindaba ezikulesi sithasiselo. Khetha leyo ehambisana neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.



UNina nomsebenzi wokuhlola okungenzeka owehlukile

Le ndaba icashunwe enovelini yezingane zaseNingizimu Afrika. Imayelana nento engalindelekile eyenzeke ekuseni ngelinye ilanga ekhaya likaNina! Izingane ezisukela eminyakeni eyi-8 yizo ezingase ziyithokozele indaba, kodwa izingane ezincane kunalokhu zizothokozela ukwenza nezindadlana umsebenzi wokuhlola okungenzeka (i-eksperimenti)!

- Khuthaza izingane zakho ukuthi zizame ukwenza indaba ibe yimidwebo yokuhlekisa. Zama ukuthola izibonelo zezincwadi ezihlekisayo kanye/ noma namakhathuni emaphephandabeni bese nizibuka ndawonye. Vumela izingane zakho ukuthi zidwebe izithombe zazo, zisebenzisa amabhamuza enkulumo kanye nemisho embalwa yokwethula lokhu ukuze zizenzele eyazo incwadi enemidwebo ehlekisayo!
- Phakamisa ukuthi izingane zakho ziqhubeke nendaba ngemva kokuba uTiaan esedle isoda yokubhaka esikhundleni sikashukela esiriyelini yakhe. Kwenzekani kuye? Kwenzekani ngomsebenzi kaNina wokuhlola okungenzeka?
- Vumela izingane zakho ukuthi zizame ukusebenzisa isoda yokubhaka (ngendlela uNina ayehlele ngayo) kule misebenzi yokuhlola okungenzeka elula. Kungenzeka kungcole ngakho-ke mhlawumbe kungangcono ukuyenzela phandle!
- Okuhlwahlwaza kuze kuchitheke: Faka isoda yokubhaka yehlele phansi esiqukathini eside, esifana nenkomishi yeplastiki noma ingilazi. Bese uwuthela kancane, kancane uviniga kanye nokunika ukudla umbala ubheke indlela le ngxube ehlwahlwaza ngayo ize ichitheke!
- Iqhwa elihwahlwazayo: Gcwalisa ithreyi lamakhiyubhu eqhwa ngoviniga kanye nokunika ukudla umbala bese ufaka lokhu efrizeni. Uma sekuqinile, khiphela amakhiyubhu eqhwa eputetini. Sebenzisa ithisipuni ukuze uthole isoda yokubhaka phezu kwekhiyubhu ngayinye, bese uthela ithisipuni likaviniga ngaphezu kwalokho. Bheka indlela amakhiyubhu ahlwahlwaza ngayo!

Umdansi ovelele

Umdansi ovelele yindaba emayelana nomfanyana othola ukuthi unekhono lokudansa. Ifanele izingane ezineminyaka ephakathi kwemi-3 ukuya kweyi-8.

- Ngenkathi nifunda indaba ndawonye, xoxani ngezinye zalezi zinto.
 - Ikhasi lesi-2 nelesi-3:** Ucabangani ngendlela ezinye izingane ezimphathe ngayo uThando? Ubuzokwenzenjani ukuba bewulapho?
 - Ikhasi le-6:** Ucabanga ukuthi zizizwa kanjani izingane eziseklasini lomdanso? Kungani usho kanjalo?
 - Ikhasi le-14 kanye nele-15:** Ucabanga ukuthi uThando uzizwa kanjani manje? Kungani usho kanjalo? Ngabe wena uyakuthokozela ukudansa?
- Ngemva kokuqeda indaba, buza izingane zakho: Yikuphi enikuthanda kakhulu: ukugijima emiqhudelwaneni noma ukudansa? Yiziphi ezinye izinto enithokozela ukuzenza? Yini eniyenza kahle?
- Uma ukwazi ukungena ku-inthanethi, wena kanye nezingane zakho ningabuka amavidiyo abantu abadansa i-salsa, i-rumba kanye ne-jive. Manje-ke aniwudlali ngani umculo bese nizama imidanso eniyibonile?
- Khuthaza izingane zakho ukuthi zidwebe izithombe zazo zenza into ezikwazi ukuyenza kahle. Yenza isiphakamiso sokuthi zibhale okuthile okuhambisana nezithombe zazo.
- Uma usebenzisa le ndaba ethimbeni lokufunda, cela izingane ukuthi ziyilingise indaba.

U-Sunshine

Le ndaba imayelana noMelisizwe, kanye nomzwilili ayewuthanda kakhulu, nezifundo omfundisa zona. Thokozela ukuyifunda kakhulu noma ukuyixoxa kabusha, bese udingida eminye yale mibuzo nezingane zakho.

- Ucabanga ukuthi ufundeni uMelisizwe endabeni?
- Ucabanga ukuthi wayibuyiselelani inyoni ehlathini? Ngabe wena wawuzokwenza lokho? Kungani wawuzokwenza noma ungakwenzi lokho?
- Ucabanga ukuthi kungani umama kaMelisizwe engazange amtshele ukuthi adedele inyoni? Ucabangani ngalokho yena agcina ekwenzile?
- Ngabe ucabanga ukuthi umzwilili wawumthanda uMelisizwe? Ukwazi kanjani lokhu?
- Ngabe ucabanga ukuthi kuyinto ekahle ukugcina izinyoni emakhejini? Kungani usho noma ungasho njalo?



Did you know that there is a Nal'ibali app on Mxit?
You can find stories on the app to read to your children, as well as ask us questions about reading, writing and storytelling. Below are some of the questions that people have already sent us through this app – as well as our advice to them.

Ngabe bewazi nje ukuthi kunesisetshenziswa sakwaNal'ibali kuMxit?

Ungathola izindaba esisetshenzisweni ukuze uzifundele izingane zakho, nokuthi ubuze imibuzo emayelana nokufunda, ukubhala kanye nokuxoxa izindaba. Nansi eminye yemibuzo esesiyithunyelelwe abantu ngalesi sisetshenziswa – kanye nendlela thina esibacebise ngayo.

Here's how to sign up for the Nal'ibali reading-for-enjoyment app:

- Download Mxit on your cellphone by going to m.mxit.com.
- Go to Apps, then Search and then Nalibali.

Nansi indlela yokubhalisela isisetshenziswa sakwaNal'ibali sokufundela ukuzithokozisa:

- Thwebula u-Mxit kumakhalekhukhwini wakho ngokuya ku- m.mxit.com.
- Yana ku-Apps, bese uya ku-Search bese uya ku-Nalibali.

Dear Nal'ibali... Nal'ibali Othandekayo...

Write to Nal'ibali at
**PRAESA, Suite 17-201, Building 17,
Waverley Business Park, Wyecroft
Road, Mowbray, 7700, or at
letters@nalibali.org.**

Bhalela uNal'ibali
ku-PRAESA, Suite 17-201, Building 17,
Waverley Business Park, Wyecroft
Road, Mowbray, 7700, noma
ku-letters@nalibali.org.

I have a 9-year-old girl who is in Grade R. She doesn't like writing and I don't know what to do.

When children experience the power of stories in books, and they have something that they want to communicate, they develop an interest in writing. Encourage your child by reading to her regularly for at least 15 minutes a day. Leave writing materials within reach at home so that she can write down a list of things she may want you to buy for her, or so that she can write a note to you when she wants to tell you something. Remember to also be a writing role model for her – she needs to see you writing to realise that it is valuable!

What words should a Grade 6 child be able to read?

Children's reading abilities differ quite a lot, so it's not really possible to say what words all Grade 6 children should be able to read. As long as your child understands what he/she is reading, enjoys reading and reads regularly, his/her reading will improve over time. Encourage your child by reading to him/her every day.

What can I do to help my son memorise the letters of the alphabet?

The main way that children learn to memorise letters is by using them. Try writing out the alphabet with him. Then point to each letter, and say its name and the sound it makes. Help your son to understand that letters make up words by drawing his attention to different letters in signs and other words in your environment. Also, when you read stories to him, point out letters that might have special importance for him. For example, the letter that his name starts with – you could say, "Oh look, **fox** has got the letter **x** in it, just like the **x** in your name, **Xola**."

Nginentombazanyana eneminyaka eyi-9 efunda iBanga R. Ayikuthandi ukubhala, manje angazi ukuthi kumele ngenzeni.

Uma izingane zithola amandla ezindaba ezisezincwadini, futhi kukhona into ezifuna ukuyidlulisela kwabanye, ziyaqala ukuthanda ukubhala. Khuthaza ingane yakho ngokuyifundela njalo okungenani imizuzu eyi-15 ngosuku. Shiya izinto zokubhala eduze nalapho ezozithola khona ekhaya ukuze ikwazi ukubhala uhlu lwezinto okungenzeka ithande ukuthi uyithengele zona, noma ukuze ikubhalele okuncane nje uma kukhona efuna ukukutshela khona. Khumbula futhi ukuba yisibonelo esihle sokubhala kuyo – kudingeka ukuthi ikubone ubhala ukuze ibone ukuthi kubalulekile!

Yimaphi amagama okumele ingane eseBangeni le-6 ikwazi ukuwafunda?



Ukwazi kwezingane ukufunda kuyahluka kakhulu impela, ngakho angeke sikwazi ukusho ukuthi yimaphi amagama zonke izingane eziseBangeni le-6 okumele zikwazi ukuwafunda. Inqobo nje uma ingane yakho ikwazi ukuqonda lokho ekufundayo, ithokozela ukufunda futhi ifunda njalo, ukufunda kwayo kuzothuthuka ngemva kwesikhathi. Khuthaza ingane yakho ngokuyifundela nsuku zonke.

Ngingenzenjani ukuze ngisize indodana yami yami ukuthi isho ngekhanda izinhlabu ze-alfabthethi?

Indlela ebalulekile yokuthi izingane zifunde ukusho ngekhanda izinhlabu ze-alfabthethi ukuzisebenzisa. Zama ukubhala nayo i-alfabthethi. Bese ukhomba uhlamvu ngalunye, usho igama lalo kanye nomsindo oluwenzayo. Siza indodana yakho ukuthi iqonde ukuthi izinhlabu zakha amagama ngokuyikhombisa izinhlabu zamagama ezahlukene ezisezimpawini kanye nakwamanye amagama endaweni okuyo. Futhi, uma uyifundela izindaba, khomba izinhlabu okungenzeka zibaluleke kakhulu kuyo. Isibonelo, uhlamvu igama layo eliqala ngalo – ungathi, "Awubheke, **uxamu** unohlamvu lwegama u-x kuwo, njengo-x osegameni lakho, **Xola**."

Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. Keep the sheet with pages 5, 6, 11 and 12 separate from the sheet with pages 7, 8, 9 and 10.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold each sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha amakhasi, elesi-5 ukuya kwele-12, alesi sithasiselo.
2. Gcina iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lihlukane nelamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.




Drive your
imagination



“Tsilahlala sikalamula sithile sekuhambel isikhathi kulo nyaka. Ake ubheke nje ukuthi ngikhe olamula abangaki, kanti sekuyintwasahlobo.” Wabeka ubhasikidi etafuleni. “Emva ngede yonke isiraphu ebengiyenze kuthangi. Tiani!” kumemeza yena. “Sheshisa ukuze ulungele ukuhamba!”

Unina wangena ngomnyango wangemuva ephethe ubhasikidi. Kwakukhona ihlamvu elalinamathle egawunini yakhe.

Wayasephapheme-ke manje, wagqoka umfaniswano wakhe wesikole waso egonda ekhishini. Wagala ngokuthatha isishana sikashukela esimhlophe etafuleni waso ehluhlukilela ushukela esikhwameni esimane. Waso ecinga ekhabetheni lasekhishini, wathatha ibhokisi eliluhlaza okwesibhakabhaka. Sodium Bicarbonate; kwakubhalelwe kanyalo ngezinhlamvu zamagama ezinkulu ezimnyama ngaphambili ebhokisini. Kanti ngezansi, kunamagama amancane kubhalwe ukuthi: *Baking Soda*.



“The lemon tree is bearing fruit late this year. Look at how many lemons I’ve just picked, and it is already spring.” She put the basket on the table. “Later we can make some more lemon syrup, seeing as you finished all the syrup I made the other day. Tiani!” she called. “Hurry up and get ready!”

Her mother came in the back door carrying a basket. There was a leaf stuck to her nightgown.

Now wide awake, she put on her school uniform and made her way to the kitchen. First she took the white sugar bowl from the table and tipped the sugar into a little bag. Then she rummaged through the kitchen cupboard and took out a blue box. Sodium Bicarbonate, it said in big black letters on the front of the box. And at the bottom, in smaller print: Baking Soda.

WINNERS of ATKV Children’s Book Awards in 2013 and 2015

The resourceful BFFs Nina and Jessie are back.

In *Nina en die wacky hare* they exposed the horrible teacher Miss Morkel as the mastermind behind the lice infestation at Tierkop Primary.

In *Nina en die funky eksperiment* there is another mystery that needs solving. What’s wrong with the so-called “energy drink” of which a TV ad is being filmed at their athletics competition?

Buy these books
to find out why Grade 4-5 learners chose them
as their favourite books in the
ATKV Awards!



Tafelberg

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children’s potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi


Nalibali
It starts with a story...

UNal’ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination

Nina and the funky
experiment
UNina nomsebenzi
wokuhlola
okungenzeka
owehlukile




Elizbè van der Colff
Chris Venter

Wakuhumbula ngaso leso sikhathi: kwakumele ayokhombisa umsebenzi wokuhlola okungenzeka! Kunamhlanje! Yingakho wayecuphe iwashi lakhe ukuba limuse ngaphambi kwesikhathi esifwayelekile, ukuze abe nesikhathi esanele sokugqoka zonke izinto abazozidingela umsebenzi wokukhombisa okungenzeka.

Esesebuthongweni, uNina wathatha umakhalekhukhwini wakhe wase ecisha i-alamu yokumvusa.

Ngenhlanhla ayizange ibonwe indawo uNina ayecashe kuyo, kodwa ngaphambi kokuba uMirkia noDanie baphume, laqala ukuluma ikhala likaNina ngenxa yezintuli ezazisegumbini lokugcina impahla. Wayazi ukuthi wayesezothimula. Ngenhlanhla uMirkia wabhaklaza isicabha segumbi lokugcina impahla ngesikhathi uNina ethimula. Ukuba akubanga njalo lesi kwakuzoba yisikhathi esinzima kakhulu ...



“Mincemeat, that’s what I’m going to make of you! Mincemeat!” shouted Mirkia. Her eyes flashed. She towered over Nina like a giant. Where Mirkia’s nose should have been, there was now only a huge, yellow pimple! Nina tried to run away, but tripped over her own feet. Mirkia and her brother came closer. With their long arms, they tried to grab hold of Nina.

“Mincemeat, mincemeat!” Nina heard them say as she stumbled away. All around her were children holding yellow cooldrink bottles. They pointed and laughed at her as they drank their cooldrink. Nina wanted to stop them, but she couldn’t get a word out.

“Smile, Nina! I want to take a photo of you!” It was Jessie. Jessie jumped in front of Nina pointing her cellphone at Nina. *Click-click!* Jessie took a photo just before she too drank a huge gulp of her cooldrink.

“Out of my way, Jessie! They are trying to catch me!” Nina tried to shout, but not a word came out of her mouth.

Nina swept up the baking soda and took the dustpan to the bin.

“Thank goodness!”

“Your experiment?”

“Worry, Nina, it looks like there is still enough left for She picked up the box and looked inside. “Don’t broom and help your sister clean up,” said their mom.

“Come on, Tiaan, go and fetch the dustpan and

“Sorry,” mumbled Tiaan as he sat down at the table.

the mess.

“Duh! When you wake up, you are supposed to *open* your eyes!” Nina used her hands to try to clean up

“Tiaan, look at what you’ve done!” she said angrily.

“Yes, Mom!” Nina heard her brother, Tiaan, shouting from his room. Moments later he shuffled into the kitchen, still in his pyjamas. His eyes were only half open and he still looked half asleep. Nina started to potter again, but the next moment someone bumped into her back. The box of baking soda fell on the floor and a fine layer of white powder spread across the tiles.

“Mina noNina sizokwephuza kancane ukubuya lapha ekhaya kusihlwa ngemva kokuzilolonga, kumele ngidlule e-W & Z Limited. Ngcono ube udla wena”

UNina wagcobhoza iraskhi lakhe etiyeni lakhe. Waliluma ngenkathi ebheke uTiaan kodwa ekude ngomcabango. Wayezibuza ukuthi ngabe uyise wayeyokwenzani e-W & Z Limited. UTiaan wathela ubisi esiriyelini yakhe. Njengenhlalayenza wathela izipuni eziqongile ezintathu zikashukela osesitsheni sikashukela esimhlophe wase ewuvuvuzela esiriyelini yakhe. Wayikha kakhulu wayifaka emlonyeni.

“Phul!” wakhafula. Isiriyeli emanzi yachithekela kulo lonke itafula. Wase ekhafula eyayisele.

UNina waphubuka wahleka. “Ufake isoda yokubhala esikhundleni sikashukela esiriyelini yakho. Kubukeka sengathi usozela ngoba ngisanda kuthela isoda yokubhaka esitsheni sikashukela phambi kwakho khona manje!”

Akazange athi vu uTiaan, wahwaya ulimi lwakhe ngeminwe. “Phul!”

Masonto onke emva kwalokho, uThando waya
eklasini lomdanso. Wathola abangani abasha
ababekuthanda ukudansa.



Every week after that, Thando went to dance class.
He made new friends who also liked dancing.

UThando walalela umculo. Walandela isigqi:
kancane, kancane, usheshe, usheshe.



Thando listened to the music. He followed
the steps: slow, slow, quick, quick.

Dancing star is from the Rainbow Reading series by
Cambridge University Press. Rainbow Reading is a
graded series for primary schools. It provides a wealth
of original stories and factual texts, which will help
learners to develop the reading skills and vocabulary
they need to meet the requirements of the curriculum –
in all learning areas. Rainbow Reading consists of 350
titles which are grouped by level and theme. For further
information, visit www.cup.co.za




Cambridge University Press
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002
Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418
Email info@cup.co.za



CAMBRIDGE
UNIVERSITY PRESS
www.cup.co.za

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment
campaign to spark children's potential through
storytelling and reading. For more information,
visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela
ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela
lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa
nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye
imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org
noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination

CAMBRIDGE

Dancing star Umdansi ovelele



Shumi Chimombe
Nikki Jones



Zazifunda ukwenza imidanso eyahlukene. Zazifunda i-salsa, i-rumba kanye ne-jive.




They learnt to do different dances. They learnt the salsa, the rumba and the jive.

Ngelinye ilanga uNkosazana Dana kakhulu. Ngifuna ukuthi udanse wathi kuThando, “Ungumdansi omuhle ekhonsathini yesikole.”



One day Miss Dana said to Thando, “You are a very good dancer. I want you to dance at the school concert.”



Thando doesn't like sports. He can't run fast. Every sports day he comes last and the other children laugh at him.
“Slow coach! Your legs are too short!” they shout.



Wase ezwa umculo. Waqala ukunyakaza: kancane, kancane, washesha, washesha. Waphenduka, waphinde waphenduka nomlingani wakhe. Kwachwaza izihlwele.
Kungenzeka ukuthi uThando akakwazi ukugijima ngesivinini, kodwa udansa njengompetha!

UThando kwadingeka ukuthi azilonge
nsuku zonke ukuze adanse kahle
nakakhudlwana: kancane, kancane,
usheshe, usheshe.



Thando had to practise every day to dance
even better: slow, slow, quick, quick.




Then he heard the music. He began to move: slow,
slow, quick, quick. Round and round he spun with his
partner. The audience cheered.
Thando might not be able to run fast, but he dances
like a star!

Ngosuku olulandelayo ngenwa kokuphuma
kwesikole, uThando waya eklasini lomdanso.
Kwakukhona izingane eziningi lapho. Abafana
namantombazane. Ezinkulu nezincane. Ezinde
nezimfushane.




The next day after school, Thando went to dance
class. There were lots of children there. Boys and
girls. Big and small. Tall and short.



UThando akazithandi ezemidlalo. Akakwazi
ukugijima ngesivinini. Uphuma ekugcineni
njalo ngosuku lwezemidlalo bese ehlekwa
ngezinye izingane.
“Manyonyoba! Unemilenze emifushane kakhulu!”
kumemeza zona.

“Because I always come last. I am not good at anything,” he said.
“Don’t cry,” said Miss Dana. “Come to my dance class tomorrow. Maybe you can dance!”
“Yingoba ngihlale ngiphuma ekugcineni. Akukho lutho mina engikwazi ukulwenzela,” kusho yena.
“Ungakhali,” kusho uNkosazana Dana. “Uze eklasini lami lomdanso kusasa. Mhlawumbe ungakwazi ukudansa!”



One day after a race, Thando began to cry. Miss Dana, the dance teacher, saw him.
“Thando, why are you crying?” she asked.

Ngelinye ilanga ngemva komqhudelwano, uThando waqala ukukhala. UNkosazana Dana, uthisha ofundisa umdanso, wambona.
“Thando, ukhalelani?” kubuza yena.

He danced at home. He danced in the street. He danced everywhere!
Wayedansa ekhaya. Wayedansa emgwaqweni. Wayedansa yonke indawo!



Soon it was time for the school concert. First the dancers lined up at the front of the stage. Thando felt VERY nervous!

Akuphelanga sikhathi eside kwase kuba yikhonsathi yesikole. Kwaqala ngokuthi abadansi bame ujenga phambili neshashalazi. UThando wazizwa ethuke KAKHULU!

“Yebo, Mama!” UNina wezwa umfowabo, uTiaan, ememeza esegumbini lakhe. Emva kwesikhashana wezwakala ehudula izinyawo ezongena ekhishini, esagqoke amaphijama akhe. Amehlo akhe ayengavulekile ngokuphelele futhi wayebukeka sengathi usozela. UNina waqala ukuyaluyaluza futhi, kodwa emva kwesikhashana wezwa umuntu omshayisa ngemuva. Ibhokisi lesoda yokubhaka lawela phansi kwase kuba khona impuphu emhlophe esabalele namathayela.

“Tiaan, awubheke ukuthi wenzeni!” esho ngolaka. “Bheka nje! Uma uvuka, kumle *while* amehlo akho!” UNina wasebenzisa izandla zakhe ukuzama ukuhlaza okuchithekile.

“Uxolo,” kungundaza uTiaan ngesikhathi ehlala etafuleni. “We Tiaan, hamba uyolanda ipani lokubutha izibi kanye nomshanelo bese usiza udadewenu ukuthi ahlanze indawo,” kusho unina. Wacosha ibhokisi wase ebheka ngaphakathi kwalo. “Ungakhathazeki, Nina, kubukeka sengathi kusasele eyanele ukuze wenze umsebenzi wakho wokubheka okungenzeka.”

“Kwaze kwangcono!”

UNina washanela isoda yokubhaka, wase ethatha insiza yokubutha izibi waqonda nayo emgqonyeni.

her mom out of the room. Nina heard him say to her mom, “Nina and I will be home a bit late after practice tonight, I have to stop at W & Z Limited. You had better eat in the meantime ...”

Nina dipped her rusk in her tea. She took a bite while staring absently at Tiaan. She wondered what her dad needed to do at W & Z Limited. Tiaan poured milk over his cereal. As always he scooped three heaped spoons of sugar from the white sugar bowl and poured it over his cereal. He took a big bite.

“Ugh!” he gagged. Bits of wet cereal landed all over the table. He spat out the rest of the mouthful.


Nina burst out laughing. “You put baking soda instead of sugar over your cereal. Looks like you ARE still half asleep because I poured the baking soda into the sugar bowl right in front of you only moments ago!”

Tiaan didn’t answer, but rubbed his fingers over his tongue. “Gross!”

Still very sleepy, Nina reached for her cellphone and switched off the alarm.

Suddenly she remembered: the experiment display! It’s today! That’s why she had set her alarm to go off a bit earlier, so that she’d have enough time to put together all the things they needed for their experiment.

Thankfully Nina’s hiding place had not been discovered, but just before Mirkia and Dannie could leave, Nina’s nose began to tickle from all the dust in the storage room. She knew she was going to sneeze. Luckily Mirkia had slammed the door to the storage room shut just as Nina sneezed. Or else this would not be only a nightmare ...



“Ngizokwenza izicucwana wena; yilokho engizokwenza khona! Izicucwana!” kumemeza uMirkia. Amehlo akhe aphayiza. Wema waba ngumdondoshiya phezu kukaNina njengesidlakela. Lapho okwakufanele kube khona ikhala likaMirkia, manje kwase kukhona induna enkulu, ephuzi! UNina wazama ukubaleka, kodwa wakhutshwa yizinyawo zakhe. Kwasondela uMirkia kanye nomfowabo. Ngezingalo zabo ezinde, bazama ukugxavuna uNina.

“Izicucwana, izicucwana!” UNina wabezwa besho njalo ngenkathi elokhu ekhubeka, ebaleka. Yonke indawo kwakunezingane ezaziphethe amabhodlela esiphuzo esibandayo esiphuzi. Zazimkhomba futhi zimhleka ngesikhathi ziphuza isiphuzo sazo esibandayo. UNina wayefuna ukuziyekisa, kodwa akazange akwazi nokuthi vu.



“Mamatheka, Nina! Ngifuna ukukuthatha isithombe!” KwakunguJessie. UJessie wagxuma wama phambi kukaNina ebhekise umakhalekhukhwini wakhe kuNina. *Xhafa-xhafa!* UJessie wathatha isithombe ngaphambi kokuba naye aminye isiphuzo sakhe esibandayo.

“Suka phambi kwami, Jessie! Bazama ukungibamba!” UNina wazama ukumemeza, kodwa akuzange kuphume lizwi emlonyeni wakhe.

Igumbi lokugcina impahla elimnyama, eligwile izintuli liphinde libe yindawo yesikole yokuqina izingubo ezingamasekeni. UNina wayeye khona ukuze ayobhekela amateki amasha. Ngesikhathi esethi uyaphuma, wezwa uMiria nomfana obizwa ngokuthi uDanie ngaphandle komnyango. UNina washesha wacasha ngenxa kwezinguqo ngoba wayengafuni ukuxabana noMiria.

UNina wavuka emanzi te umjulo. Yiphupho elibi, kuphela nje, kucabanga yena ekhululekile. Lokhu kubangelwe yilokho okwenzeka egumbini lokugcina impahla ngayizolo. UNina washaywa uvalo uma ecabanga lokho okwakwenzeka ngayizolo ...

UJessie wagxavuma uNina ngenalo wase embonisa isithombe. Ohel! Ubuso bakhe bonke babumboswe yizindunali Xhafa-xhafa! Nezinye izingane zathatha izithombe. Zazimhleka zonke. “Hhayi bo, yekani le nto enyenzayo, ake nhlukanane nami!” kukhala uNina. Akukho namunye owamuzwa. Xhafa-xhafa! Xhafa-xhafa!




Jessie grabbed Nina by the arm and showed her the photo. Oh no! Her whole face was covered in pimples! Click-click! More children took photos. They were all laughing at her.

“No, don’t do that, leave me alone!” cried Nina. Nobody heard her.

Click-click! Click-click!

Nina woke up drenched in sweat. A nightmare, that’s all it was, she thought relieved. It’s because of what happened in the storage room yesterday. Nina got a chill as she remembered what had happened the day before ...

The dark, dusty storage room is also the school’s second-hand clothing bank. Nina had gone there to find a new pair of takkies. As she was about to leave, she heard Mirkia and a boy named Danie outside the door. Nina quickly hid behind the rail of clothes because she did not feel up to a confrontation with Mirkia.



“H’m, the exercise is good for you too, Dirk. Come on, you must all hurry up or else you’ll be late,” her mom said over her shoulder as she walked out of the room. Her dad grabbed another rusk and followed

pulled her ponytail. “Remember, my girl, tonight we are practising high-jump again. Eat well today because you are going to need the energy!” he said. He took a sip of his coffee and playfully

the kitchen.

Her dad joined them in

Nina pulled a face at him.

“See, nothing was wasted,” said Tiaan, sticking his tongue out at Nina while their mom’s back was turned.


“No, wait,” said her mom. “Don’t throw it away. I want to pour it down the blocked drain along with some vinegar to clean the pipes.” Nina picked up the nearest container – the empty sugar bowl on the table. Carefully she poured the baking soda from the dustpan into the sugar bowl. Then she put the sugar bowl back on the table and wiped her hands on a cloth.

“Cha, yima,” kusho unina. “Ungayilahli. Ngifuna ukuyithela epayipini lokuchitha amanzi kanye noviniga ukuze ngihlanze amapayipi.” UNina wathatha isiqukathi esiseduze – isitsha sikashukela esingenalutho etafuleni. Wathela ngokucophelela isoda yokubhaka ngensiza yokubutha izibi yayongena esitsheni sikashukela. Wase ebuyisela isitsha sikashukela etafuleni, wasula izandla zakhe ngendwangu.

“Uyabo, akukho lutho olumosekile,” kusho uTiaan ekokozela uNina ngenkathi unina esamfulathele. UNina wabuyisa izinhlonzi.

Ubaba wabo wazohlanganyela nabo ekhishini.

“Ukhumbule, ntombazane yami, ukuthi kusihlwa sizozilolongela ukugxumela phezulu futhi. Udle kahle namhlanje ngoba uzowadinga wonke amandla!” kusho yena. Wathi qhabu ikhofi lakhe wase edlala ngezinwele zentombazana eziyigoda elilengayo.




“Empeleni, ukuzivocavoca kukulungele nawe, Dirk. Sheshani, bakithi uma kungenjalo nizoshiywa yisikhathi,” kusho unina ephendula ikhanda ngesikhathi ephuma egumbini. Uyise wathatha elinye iraskhi wase elandela unina ephuma egumbini. UNina wezwa uyise ethi kunina,

10 tips for sharing books with children aged 9 and older

Getting very young children into the habit of reading regularly is sometimes easier than helping them to keep doing this as they get older! As they grow up, it is important to keep encouraging and supporting our children as readers.

Here are some ways in which you can help make reading something your children *choose* to do – rather than something they *have* to do.

1. Let them see that you value reading. So, make time to read yourself, go to the library together and have books in the home.
2. Share reading material that you come across that you think might interest your children, for example, magazine and newspaper articles, poems and websites on the Internet.
3. Make time to discuss what your children are reading. For example, ask them to tell you what happened in the book they have just finished, or ask them what happened in a previous chapter as they settle down to continue reading a book.
4. Let them choose what they want to read, and then encourage and support their choices of books. Deciding what types of books you like to read is part of developing as a reader.
5. Sometimes children enjoyed being introduced to different types of books (like stories about real-life situations, fantasy or biographies) that they haven't tried before. Libraries and book shops are good places to find a variety of books. Visit them together as often as you can.
6. Encourage less-regular readers by buying magazines for them, leaving a newspaper lying around and suggesting they visit websites with interesting content.
7. Ask your friends what their children enjoy reading and suggest these books to your child.
8. Keep reading to your children – even when they are competent independent readers. Choose books that are slightly more advanced than the level at which they are currently reading on their own.
9. Set aside a special time each week where you read aloud to your child. You could choose a book together especially for these times, and then read a few chapters each week.
10. Encourage your children to read in bed every evening before they go to sleep.



Amacebo ayi-10 okwabelana ngezincwadi nezingane ezineminyaka eyi-9 nangaphezulu

Ukwenza ukuthi izingane ezincane zijwayele umkhuba wokufunda njalo ngesinye isikhathi kuba lula kunokuzigcina zenza lokhu ngesikhathi sezikhula! Lapho zikhula, kubalulekile ukuqhubeka nokukhuthaza kanye nokweseka izingane zethu njengabafundi.

Nazi ezinye izindlela ongasiza ngazo ukuthi wenze ukufunda kube yinto izingane zakho *ezikhetha* ukuyenza – kunokuba kube yinto *okumele* ziyenze.

1. Zenze zibone ukuthi nawe ukubona kubalulekile ukufunda. Ngakho, yenza isikhathi sokuthi ufunde nawe, yanini emtatsheni wezincwadi ndawonye bese niba nezincwadi ekhaya.
2. Yabelana ngokokufunda ohlangana nakho ocabanga ukuthi izingane zakho zingakuthanda. Isibonelo, okubhalwe kumaphephabhuku kanye nasemaphephandabeni, izinkondlo kanye nezizindawazi eziku-inthanethi.
3. Yenza isikhathi sokuxoxisana nezingane zakho ngalokho ezikufundayo. Isibonelo, zicele ukuthi zikutshale ukuthi kwenzekeni encwadini eziqeda ukuyifunda, noma uzibuze ukuthi kwenzekeni ezahlukeni ezedule ngesikhathi zihlala phansi zilungiselela ukuqhubeka nokufunda incwadi.
4. Zivumele ukuthi zikhethe lokho ezifuna ukufunda, bese uzikhuthaza futhi weseke lezo zincwadi ezizikhethile. Ukunquma ukuthi yiziphi izincwadi ofuna ukuzifunda kuyingxenye yokuthuthuka njengomfundi.
5. Ngesinye isikhathi izingane ziyakuthokozela ukwethulwa ezinhlotsheni zezincwadi ezahlukeni (ezifana nezindaba ngezimo ezenzeke ngempela empilweni, izinto ezicatshangelwayo nje noma ngemilando yabantu abathile) ezingakaze zizizame phambilini. Imitapo yezincwadi kanye nezitolo ezithengisa izincwadi ziyizindawo ezikahle zokuthola izincwadi eziningi ezahlukeni. Zivakasheleni ndawonye kaningi ngendlela eningakwazi ukwenza ngayo.
6. Khuthaza abafundi abangajwayele ukufunda ngokubathengela amaphephabhuku, ushiye iphephandaba obala, nangokuthi wenze isiphakamiso sokuthi bavakashele izizindawazi ezinezinto ezihlaba umxhwele.
7. Buza abangani bakho ukuthi yini izingane zabo ezithanda ukufunda bese uncomela ingane yakho lezo zincwadi.
8. Qhubeka nokufundela izingane zakho – noma ngabe sezikwazi ukufunda ngokuzimela. Khetha izincwadi ezithande ukuba nzima kunezinga ezizifundela kulo njengamanje.
9. Beka isikhathi esikhethekile osukwini ngalunye lapho ufundela khona kakhulu ingane yakho. Ningakhetha incwadi ndawonye ikakhulukazi ngalezi zikhathi, bese nifunda izahluko ezimbalwa esontweni ngalinye.
10. Khuthaza izingane zakho ukuthi zifunde indaba sezisembhedeni njalo ebusuku ngaphambi kokuba zilale.

DID YOU KNOW?

Does your young child like to:

- ★ dress up in hats, shoes, scarves and belts?
- ★ hide under blankets?
- ★ play under the table?
- ★ hide in different places?
- ★ fill bags with things?
- ★ wrap things in paper and put sticky tape on them?

Did you know that when children do these things, they are exploring the idea of completely covering objects, spaces and themselves? This helps them with Maths later on.



NGABE BEWAZI?

Ngabe ingane yakho ithanda:


- ★ ukugqoka izigqoko, izicathulo, izikhafu kanye namabhande?
- ★ ukucasha ngaphansi kwezinguvo?
- ★ ukudlala ngaphansi kwetafula?
- ★ ukucasha ezindaweni ezahlukeni?
- ★ ukugcwalisa izikhwama ngezinto?
- ★ ukugoqa izinto ngephepha kanye nokuzibopha ngetheyiphu enamathelayo?

Ngabe bewazi ukuthi uma izingane zenza lezi zinto, zicubungula umqondo wokumboza izinto, owendawo kanye nokuzithola ukuthi zingobani? Lokhu kuzisiza eZibalweni ekuhambeni kwesikhathi.



Sunshine

By Ann Walton ✨ Illustrations by Johann Strauss



Melisizwe lived in a village on the edge of the Tsitsikama forest. One day, as he was walking home from school, he found a little canary lying on the forest floor. It was flapping its wings, but it could not fly.

"Ah, I think your wing is broken!" said Melisizwe. He picked the canary up very carefully, and carried it home to his mother.

"Look, Mama, I found a bird with a broken wing in the forest," he said.

"No, this bird's wing is not broken," said Mama. "This baby canary has fallen out of her nest. She is too young to fly, and she would have died if you had not found her, Melisizwe."

So Melisizwe and his mother made a bamboo cage, and put the little bird in it on a thick bed of leaves. "When you grow up, your breast will be the warm colour of the sun little bird, so I will call you Sunshine!" said Melisizwe.

Melisizwe fed Sunshine every morning and every evening. He gave her a dish of water, a dish of millet seeds and some sweet, new spinach leaves. The little bird soon grew old enough and strong enough to fly around the cage.

When Melisizwe went to school in the mornings, Sunshine stayed alone in her cage in the hut. When Melisizwe played outside with his friend, Mibono, making clay oxen, Sunshine stayed alone in her cage in the hut. And when Melisizwe practised stick fighting with Vuyo, Sunshine stayed alone in her cage in the hut.

One morning, while Melisizwe was giving the canary fresh water and millet seed, he spoke to the little bird. "Why are you so quiet, Sunshine? I have heard all the canaries singing in the forest. Why don't you sing too?" he asked.

"I cannot sing. My heart is sad," said Sunshine.

Melisizwe was shocked. "Why is your heart sad?" he asked.

"My name is Sunshine, but I never see the sun because I am alone in this cage inside the hut."

"Then I will put your cage outside in the sun!" said Melisizwe. "You are safe in your cage from the snakes and the hawks, and the wild cats. You are safe with me!"

"I am safe here Melisizwe, but my home is in the forest where I can build a warm nest in a tree. My home is with all the other canaries where we can welcome each day with a song. I am alone here in this cage in the hut," said Sunshine. "And I cannot sing."



"You need not be alone! I will find another canary to keep you company, Sunshine," said Melisizwe, and he ran out of the door, so that he would be in time to walk to school with Mibono and Vuyo.

What Melisizwe did not know, is that Mama had heard every word of his conversation with Sunshine.

That afternoon Melisizwe asked, "Mama, may I go out and play with Mibono? We want to make a kraal out of sticks for our clay oxen."

"No," said Mama. "Today you must stay alone in the hut where you will be safe. I am going next door for a while." So Melisizwe had to stay inside alone.

The next day he asked, "Mama, may I go out and play with Vuyo? We want to practise stick fighting."

"No," said Mama. "Today you must stay alone in the hut where you will be safe. I am going to borrow a book from Gogo." So Melisizwe had to stay inside alone.

The next day he begged, "Please, Mama, let me go out and play with Mibono and Vuyo this afternoon."

"No," said Mama. "Today you must stay alone in the hut where you will be safe. I am going to sit outside in the sun with my book now."

"But why can't I go out and play with my friends, Mama? I don't want to be alone in the hut!" cried Melisizwe.

"I know you don't, my son. It is not good to be alone in the hut," said Mama, who was reading her book outside on a chair in the sun. "But I can't talk to you, Melisizwe. I am busy reading now."

Melisizwe sat down quietly on the floor with tears in his eyes. He looked across the room at Sunshine. The little bird looked back at him. Suddenly Melisizwe felt his heart get heavy and sad.

"I am so sorry, Sunshine," he said softly.

The next morning, when he left for school, Melisizwe picked up the cage. His mother smiled and kissed him. "You have a good heart," she said.

When he reached the forest, Melisizwe stopped under a big tree and set the cage down on the ground. Then he opened the cage door.

"You can fly away now, Sunshine. You are free, little bird," he smiled.

Sunshine hopped to the cage door, then spread her wings and flew out of the cage. She flew up onto a branch above Melisizwe and looked down at him. All at once she sang the sweetest song that he had ever heard. Then she flew far up into the tree to all the other canaries.

Melisizwe picked up the empty cage. Suddenly the air was filled with bird song. All the canaries started to sing. Melisizwe looked up, smiled and walked to school with a happy heart.



UMelisizwe wayehlala emuzini emaphethelweni ehlathi iTsitsikama. Ngelinye ilanga, ngesikhathi ehamba ebuyela ekhaya esuka esikoleni, wathola umzwilili omncane ulele phansi ehlathini. Wawushaya amaphiko awo, kodwa ungakwazi ukundiza.

“Awu bantu, ngicabanga ukuthi wephuke iphiko!” kusho uMelisizwe. Wacosha umzwilili ngokucophelela okukhulu, wase ehamba eya nawo kunina.

“Buka, Mama, ngithole inyoni eyephuke iphiko ehlathini,” kusho yena.

“Cha, iphiko lale nyoni alephukile,” kusho uMama. “Lo mntwana womzwilili uwe esidlekeni sakhe. Usemncane kakhulu ukuthi angakwazi ukundiza, futhi ngabe ufile ukuba ubungazange umthole, Melisizwe.”

Ngakho-ke uMelisizwe nonina bakha ikheji ngoqalo, base befaka inyoni encane kulo, yahlala engqumbini yamahlamvu. “Uma usukhulile, isifuba sakho sizoba umbala ofudumele welanga, nyoni encane, ngakho ngizokuqamba igama elithi Sunshine!” kusho uMelisizwe.

UMelisizwe wayepha ukudla uSunshine njalo ekuseni kanye nanjalo kusihlwa. Wayemnikeza indishi yamanzi, indishi yezinhlamvu zamabele kanye namacembe amnandi, amasha, esipinashi. Kungekudala inyoni yakhula ngokwanele futhi yaba namandla ngokwanele ukuthi ikwazi ukundiza ekhejini.

Lapho uMelisizwe eya esikoleni ekuseni, uSunshine wayehlala yedwa ekhejini eqhugwaneni. Lapho uMelisizwe edlala ngaphandle nomngani wakhe, uMibono, benza izinkomo zobumba, uSunshine wayehlala yedwa ekhejini eqhugwaneni. Futhi lapho uMelisizwe eyozilolongela ukulwa ngezinduku noVuyo, uSunshine wayehlala yedwa ekhejini eqhugwaneni.

Ngelinye ilanga ekuseni, lapho uMelisizwe enikeza umzwilili amanzi amasha kanye nezinhlamvu zamabele, wakhuluma nenyoni encane. “Kungani uthule kangaka, Sunshine? Ngike ngezwa imizwilili icula ehlathini. Kungani ungaculi nawe?” kubuza yena.

“Angikwazi ukucula. Inhliziyo yami idabukile,” kusho uSunshine.

Kwamethusa lokhu uMelisizwe. “Kungani inhliziyo yakho idabukile?” kubuza yena.

“Igama lami nginguSunshine, kodwa angikaze ngilibone ilanga ngoba ngingedwa ekhejini ngaphakathi eqhugwaneni.”

“Kulungile-ke, ngizobeka ikheji lakho phandle elangeni!” kusho uMelisizwe. “Uphephile ekhejini lakho ezinyokeni kanye nakoreshane, kanye nasezimbodleni. Uphephile la kimi!”

“Ngiphephile lapha Melisizwe, kodwa ikhaya lami lisehlathini lapho ngingakha khona isidleke sami esifudumele esihlahleni. Ikhaya lami lilapho kukhona eminye imizwilili lapho sizokwazi ukwamukela khona usuku ngalunye ngeculo. Ngingedwa la ekhejini eqhugwaneni,” kusho uSunshine. “Futhi angikwazi ukucula.”



“Akudingeki ukuthi ube wedwa! Ngizokutholela omunye umzwilili ozokuchithisa isizungu, Sunshine,” kusho uMelisizwe, wase ephuma ngomnyango egijima ukuze aphume ngesikhathi esifanele sokuhamba noMibono kanye noVuyo beya esikoleni.

Into angayazanga uMelisizwe, ukuthi uMama wayeyizwe yonke ingxoxo yabo noSunshine.

Ngaleyo ntambama uMelisizwe wacela, “Mama, ngicela ukuyodlala noMibono? Sifuna ukwenzela izinkomo zethu zobumba isibaya ngezinti.”

“Cha,” kusho uMama. “Namhlanje kumele uhlale wedwa eqhugwaneni lapho uzobe uphephile khona. Ngisaya kwamakhelwane isikhashana.” Ngakho-ke uMelisizwe kwadingeka ukuthi ahlale yedwa ngaphakathi.

Ngakusasa wabuye wacela, “Mama, ngicela ukuyodlala noVuyo? Sifuna ukuzilolongela ukulwa ngezinduku.”

“Cha,” kusho uMama. “Namhlanje kumele uhlale wedwa eqhugwaneni lapho uzobe uphephile khona. Ngisayoboleka incwadi kuGogo.” Ngakho uMelisizwe kwadingeka ukuthi ahlale yedwa ngaphakathi.

Ngakusasa wancenga, “Ngiyakucela, Mama, ngicela ungivumele ngiyodlala ngaphandle noMibono kanye noVuyo namhlanje ntambama.”

“Cha,” kusho uMama. “Namhlanje kumele uhlale wedwa eqhugwaneni lapho uzobe uphephile khona. Ngiyohlala ngaphandle elangeni nencwadi yami manje.”

“Kodwa kungani ngingakwazi ukuphuma ngiyodlala nabangani bami, Mama? Angifuni ukuba ngedwa eqhugwaneni!” kukhala uMelisizwe.

“Ngiyazi ukuthi awufuni ukuthi kube kanjalo, ndodana yami. Akumnandi ukuba wedwa eqhugwaneni,” kusho uMama, owayefunda incwadi yakhe ngaphandle ehleli esitulweni elangeni. “Angeke ngikwazi ukuxoxa nawe bandla, Melisizwe. Ngisafunda okwamanje.”

UMelisizwe wahlala phansi wathula egcwele izinyembezi emehlweni akhe. Wabuka uSunshine ngakolunye uhlangothi lwegumbi. Nenyoni encane yambuka. Ngokushesha uMelisizwe wezwa inhliziyo yakhe isisinda futhi idabuka.

“Ngiyaxolisa, Sunshine,” kusholo yena phansi.

Ngakusasa ekuseni, lapho eya esikoleni, uMelisizwe wathatha ikheji. Unina wamamatheka wase emqabula. “Unenhliziyo enhle,” kusho yena.

Lapho efika ehlathini, uMelisizwe wema ngaphansi kwesihlahla esikhulu wase ebeka ikheji phansi. Wabe esevula umnyango wekheji.

“Ungandiza manje, Sunshine. Ukhululekile, nyoni encane,” wamamatheka.

USunshine wagxuma wema emnyango wekheji, wase elula amaphiko akhe wandiza waphuma ekhejini. Wandizela egatsheni elingenhla kukaMelisizwe wase embuka esezansi. Kusenjalo wacula iculo elimnandi ngokwedulele ake alizwa. Wase endiza ekhuphukela phezulu esihlahleni eyoba neminye imizwilili.

UMelisizwe wacosha ikheji elingenalutho. Kusenjalo umoya wagcwala umculo wezinyoni. Yonke imizwilili yaqala ukucula. UMelisizwe wabheka phezulu, wamamatheka, wase eya esikoleni ngenhliziyo egcwele injabulo.



Nal'ibali fun

✱ When people travel to interesting places they often send postcards to friends and family back home. Postcards usually have a photograph of a place you have visited on one side. A message and the address of the person you are sending the postcard to, are on the other side. Now follow the steps below to make your own postcard!

1. Cut out the front and back sides of the postcard below.
2. Glue the two sides together.
3. On the front of your postcard, draw a picture of a place you would like to visit or a place you enjoyed visiting – or create a magical place all of your own!
4. On the back of your postcard:
 - on the left, write a message to someone you know telling them about how you are enjoying visiting the place in the picture and what you've done while you are there.
 - start your message like this: Dear...
 - don't forget to say who the message is from – you!
 - on the lines on the right, write the name, surname and address of the person you are sending the postcard to.
 - in the empty block above the address, draw a postage stamp.

Front/Ingaphambili


Back/Ingemuva

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

- ✱ Uma abantu bethatha uhambo beya ezindaweni ezihlaba umxhwele bajwayele ukuthumela amaposikhadi aya kubangani kanye nasemndenini osele ekhaya. Amaposikhadi avamise ukuba nezithombe zendawo oyivakashela ngakolunye uhlangothi. Umyalezo kanye nekheli lomuntu omthumelela iposikhadi kungakwelinye icala. Manje landela lezi zinyathelo ezingezansi ukuze uzenzele iposikhadi lakho!
1. Sika amacala angaphambili kanye nangemuva eposikhadi elingezansi.
 2. Namathisela ngegulu uhlanganise amacala amabili ndawonye.
 3. Ngaphambili kweposikhadi lakho, dweba isithombe sendawo ongathanda ukuyivakashela noma indawo owathokozela ukuyivakashela – noma uzakhele indawo yakho ewumlingo!
 4. Ngemuva kweposikhadi lakho:
 - kwesokunxele, bhala umlayezo womuntu omaziyo umtshele ngokuthi ukuthokozela kanjani ukuvakashela indawo esesithombeni nokuthi yini oyenzile ngesikhathi ulapho.
 - qala umyalezo wakho kanje: ...Othandekayo
 - ungakhohlwa ukuchaza ukuthi uvelaphi umyalezo – kuwe!
 - emigqeni ekwesokudla, bhala igama, isibongo kanye nekheli lomuntu omthumelela iposikhadi.
 - ebhokisini elingenalutho ngenhla kwekheli, dweba isitembu sokuposa.

✱ Can you think of six words that start with each of the letters that Josh is holding? Write them here.

✱ Ngabe ungakwazi ukucabanga amagama ayisithupha aqala ngohlamvu lwegama ngalunye oluphethwe nguJosh? Wabhale lapha.



Get your copy of the 100th edition of the Nal'ibali reading-for-enjoyment supplement in the week of 27 September 2015!



100

Find us on Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA

Thola ikhophi yakho yoshicilelo lwakho lwe-100 lakwaNal'ibali lokufundela ukuzithokozisa oluzothengiswa esontweni lomhla zingama-27 kuMandulo wezi-2015!

Supplement produced by The Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SundayWorld



Drive your imagination